# “ Via Lucis ”

**Indlela yakuleso naleso sigaba**:

1. Isigaba siyethulwa
2. Isiphendulo esifushane

   **Umholi :** Siyakhuleka kuwe Kristo siyakubonga;

   **Bonke :** Ngoba ngokuvuka kwakho, usigcwalise ngethemba nenjabulo, Alleluya!
3. Isifundo esifushane sifundwa umholi.
4. Bonke basho umkhuleko kanyekanye emva kokuthi: **Asikhuleke.**
5. Sonke sicula iculo elifushane lapho kuthiwa - **Masicule.**


**Isandulelo**

“*Kepha uNkulunkulu wamvusa uJesu kwabafileyo. Wabonwa izinsuku eziningi yibo ababekhuphukele naye eJerusalema bevela eGalile, asebengofakazi bakhe kubantu manje. Nathi sinishumayeza ivangeli lesithembiso esenziwa kobaba ukuthi uNkulunkulu usigcwalisile kubantwana bethu ngokumvusa uJesu, njengokuba kulotshiwe futhi kulo ihubo lesibili ukuthi: Wena uyiNdodana yami, namuhla ngikuzele*”
(Izenzo 13:30-33)

# 1. Isigaba Sokuqala

## UJesu uvukile!

Abesifazane bathola ukuthi ithuna uJesu abebekwe kulo alinamuntu.



"*Ngosuku lokuqala lweviki, kuntwela ngenzansi, bafika ethuneni bephethe amakha ababewalungisile. Bafumana itshe ligingqiwe ethuneni. Kuthe bengena, abasifumananga isidumbu seNkosi uJesu. Kwathi besasambathekile yilokho, bheka, nanko amadoda amabili emi ngakubo, enezingubo ezicwebezelayo. Besesaba bekhothamela phansi ngobuso, athi kubo: Nifunelani ophilayo kwabafileyo na? Kakho lapha, kepha uvukile, khumbulani ukukhuluma kwakhe kini eseseGalile*". (Luk. 24:1-9)

**Asikhuleke:**

Nkosi evukile,
ukuvuka kwakho kuyizindaba ezithokozisayo impela!
Siyakutusa ngokunqoba kwakho phezu kwesono nokufa!
Ukuvuka kwakho kusilethela ithemba,
ukusindiswa nesiqalo sempilo entsha kuwena!
Senze ukuba sikhule ekukholweni ukuze kuthi ekugcineni,
izimpilo zethu zingagcini ziguquliwe nje kuphela! Amen.

**Masicule:**

Ngephasika ekuseni kwezwakala ukuduma;
Wavuka-ke uMsindisi walishiya ithuna lakhe.
|:Jesu Nkosi Mhlengi wethu ovukile ekufeni sikhumbule
thina bakho sihlab' inhlanhla sonke.:

Kwababeya elibeni ingelosi yathi kubo?
Kakho lapha uvukile njengakusho engakafi.
|.:Jesu Nkosi...:|

2. Isigaba Sesibili:

# UPetru noJohane bagijima baya ethuneni



"*Ngakho wayesephuma uPetru nomunye umfundi, beza ethuneni. Bagijima bobabili kanyekanye; kepha umfundi omunye wagijima kakhulu kunoPetru, wafika kuqala ethuneni."*

**Asikhuleke**

Nkosi evukile,
njengoba simi ngaphambili kwethuna lakho elingenalutho,
uyasimema ukuba sizwe lokho uPetru noJohane abakuzwa.
Njengoba sizindla ngezimfihlakalo zokufa nokuvuka kwakho,
Siphe igrasiya lokuqonda ngokupheleleyo igazi esasindiswa ngalo
noMoya esazalwa ngawo kabusha. Amen.

**Masicule:**


Uvukile uJesu, Alleluya Alleluya!
Usevukile washiya ithuna usenqobile usathane
Nokufa. Allelluya! Alleluya! Mana Mkhululi,
Alleluya!

Uvukile UJesu. Alleluya! Alleluya!
Ake sihambe ngendlela kaJesu, khona sosinda
Sibuse phezulu. Alleluya! Mana Mkhululi, Alleluya!

3. Isigaba Sesithathu:

## **UJesu uzibonakalisa kuMariya Magdalena**

*UMariya wema ethuneni ngaphandle ekhala; esakhala walunguza ethuneni; wabona izingelosi ezimbili zimbethe okumhlophe, zihlezi, enye ngasekhanda enye ngasezinyaweni, lapho isidumbu sikaJesu besilele khona. Zona-ke zathi Kuye: "Mame ukhalelani na?" Wathi kuzo: Bayithathile iNkosi yami, futhi angazi ukuthi bayibekephi. Eseshilo lokho, waphenduka, wabona uJesu emi, kepha wayengazi ukuthi uJesu. UJESU wathi kuye: Mame, ukhalelani na? Ufuna bani na? Kepha yena ethi ngumphathi wensimu wathi kuye: Nkosi, uma umsusile, ngitshele ukuthi umbekephi, ngiye ngiyakumthatha mina. UJESU wathi kuye: Mariya! Waphenduka wathi kuye ngesiHeberu: Rabuni, okungukuthi: Mfundisi*".
(Johane 20:11-18)




**Asikhuleke:**
Nkosi evukile,
wanikeza uMariya Magdalena ithuba lokuba ngufakazi wokuqala wokuvuka kwakho,
wamyalela ukuba ahambe atshela bonke izindaba ezithokozisayo.
Njengoba wenza kuMariya, uyasibiza sonke ngamagama ethu,
usicela ukuba sabelane nabanye esihlangana nabo ezimpilweni zethu,
lezi zindaba ezithokozisayo.
Sisize-ke ukuba sikwenze lokho ngesibindi.  Amen.

**Masicule:**
Jabulani, Jabulani, Jabulani, Jabulani makholwa!
Nituse inkos ngoba inqobile:|: Alleluya, Allelluya,
Allelluya, Alleluya, Alleluya, Alleluya, Alleluya.:
Jabulani, Jabulani, Jabulani, Jabulani maKristo!
Nishay' imitshingo nibethe ihlombe:|: Alleluya…:

## 4. Isigaba Sesine

## UJesu uhambisana nabafundi ababili ababeya e-Emawuse




“*Wathi kubo: zindaba zini lezi enikhuluma ngazo omunye nomunye nihamba na? Base bema benyukumele. Omunye nguKleyophase igama lakhe, waphendula wathi kuye: Wena uyisihambi eJerusalema, unoyedwa ongazazi izinto ezenzekileyo khona ngalezi zinsuku?*
*Wayesethi uJesu kubo: O nona eningaqondiyo nenilibele enhliziyweni ukukholwa yikho konke abakushilo abaprofethi! UKRISTO ubengamelwe yini ukuhlupheka ngalokho? Aze angene enkazimulweni yakhe na? Wayesethatha kuMose nakubaprofethi bonke, wabachasisela emibhalweni okuqondene naye.”* (Luk. 24:17-18, 25-27)

**Asikhuleke:**
Nkosi evukile,
wahlangana nabafundi bakho ababili njengoba babesenkathazweni ababezama ukuyibalekela.
Wabasiza ukuba baqonde incazelo eyiqiniso mayelana nezehlakalo ezazibenza badabuke.
Isimemo sabo esithi: “hlala nathi” sesiphenduke umkhuleko wethu.
Sisize ukuba sikubone kulabo abahamba eceleni kwethu ngesikhathi sisezinhluphekweni.
Amen.

**Masicule:**
Ngingowakho Jesu wami, ngingowakho njalo ngingehlu-
kaniswe nawe noma ngisahamba, noma ngifa qhabo.
Jesu Nkulunkulu wami, hlala nami njalo,
Ngibe isithandwa sakho, |:Manje naphakade…:|

# 5. Isigaba Sesihlanu:

## UJesu ukhunjulwa ngokuhlephula kwakhe isinkwa



*Base besondela emzaneni ababeya kuwo; yena washaya sengathi udlulela phambili.*
*Bamncengisisa bathi: "hlala nathi, ngokuba sekuzakuhlwa, nemini isiyadlula."*
*Wangena wahlala nabo. Kwathi esahlezi nabo ekudleni, wathabatha isinkwa, wabonga, wasihlephula, wabanika.*
*Amehlo abo ayesevuleka, bamazi; wayesenyamalala kubo.*
*Bathi omunye komunye: "Inhiziyo yethu ibingavuthi yini phakathi kithi endleleni na?*"
(Luk. 24:28-32)

**Asikhuleke:**


Nkosi evukile,
njengoba abafundi bakukhumbula ngokuhlephula kwakho isinkwa,
bazikhumbula uqobo lwabo futhi. Babesengabafundi bakho!
Amazwi akho abavuselela ukholo lwabo kuwe.
Ngaso sonke isikhathi uma senza umhlatshelo oyiNgcwele,
uyasimema ukuba sivuseleleke ekubeni ngabalandeli bakho,
ngenkathi silalela izwi lakho nangenkathi sabelwa ngoMzimba neGazi lakho.
Amen.

**Masicule:**

Nasi isinkwa sokuphila esivela ezulwini,
Esizophilisa thina. Lesi sinkwa sengelosi
Awusiphe sona, Nkosi.
|:Sizwe ubumnandi baso.:|

# 6. Isigaba Sesithupha:

## UJesu ubonakala kubafundi bakhe ababezivalele endlini



“*Besakhuluma lokho, uJesu yena uqobo wema phakathi kwabo, wathi kubo: ukuthula makube-kinina. Kepha bashaywa uvalo, besaba bethi babona ithongo. Wayesethi kubo: Nikhathazekeleni na? Kuvelelani izizindlo ezinhliziyweni zenu na? Bhekani izandla zami nezinyawozami ukuthi yimina uqobo; ngiphatheni nibone, ngokuba ithongo alinanyama namathambo, njengokuba ningibona nginakho. Eshesilo lokho wababonisa izandla nezinyawo. Kepha bengakakholwa ngenxa yentokozo bemangala, wathi kubo: Ninakho ukudla lapha na? Bamnika iqatha le nhlanzi eyosiweyo neqa lezinyosi. Wakuthatha, wadla phambi kwabo.* (Luk. 24:36-43)

**Asikhuleke:**

Nkosi evukile,
sisakuthola kunzima ukukholwa ukuvuka kwakho nokwethu.
Sisize ukuba sikholwe.  Amen.

**Masicule:**

Wasebonakal' uJesu kubafundi bakhe bonke:
Besasa-ke, bajabula beyibon' iNkos' iphila.
:Jesu Nkosi Mhlengi wethu ovukile ekufeni
sikhumbule thin' abakho, usihlab' inhlanhla sonke.:

# 7. Isigaba Sesikhombisa:
## UJesu unika abafundi bakhe amandla okuthethelela izono



*Khona uJesu wabuye wathi kubo "ukuthula makube kinina. Njengokuba uBaba engithumile mina, nami ngiyanithuma." Kwathi ukuba asho njalo, wabaphephetha, wathi kubo: "Yamukelani uMoya oCwebileyo. Labo eniyakubathethelela izono zabo bayakuba bethethelelwe, nalabo eniyakubabopha ngezonozabo bayakuba beboshiwe.* (Joh 20:21-23)

**Asikhuleke:**

Nkosi evukile,
wabonakala kubafundi bakho waphefumulela uMoya wakho oyiNgcwele kubona;
thululela kithina uMoya wokusinda, ukuze siqhubeke nomsebenzi wakho wokuletha intethelelo ezweni lethu elonakele. Amen.


**Masicule:**

Shwele, Jesu, wo! Sonile, sadelela izwi lakho,
Asisafanel' ukuba size embusweni wakho.

Shwele, Jesu, sibuyile, samukele ngomsa wakho,
Usithelel' izono esizenze phambi kwakho.

## 8. Isigaba Sesishiyagalombili:

## **UJesu uqinisa ukholo lukaTomase**



*Kepha uTomase, omunye kwabayishumi nambili, othiwa uDidimu, wayengekho kubo mhla efika uJesu. Ngakho-ke abanye abafundi bathi kuye: Siyibonile iNkosi. Kepha wathi kubo: Uma ngingaboni ezandleni zayo inxeba lezipikili, ngifake umunwe wami enxebeni lezipikili, ngifake isandla sami ohlangothini lwayo, angisoze ngakholwa. Emva kwezinsuku eziyisishiyagalombili abafundi bakhe besendlini futhi, uTomase enabo. UJESU wafika iminyango ivaliwe, wema phakathi kwabo, wathi: Ukuthula makube kinina. Wayesethi kuTomase: Zisa lapha umunwe wakho, ubone izandla zami, zisa isandla sakho usifake ohlangothini lwami; ungabi ongakholwayo kodwa okholwayo. UTOMASE waphendula wathi kuye: Nkosi yami, Nkulunkulu wami! UJESU wathi kuye: Ngokuba ungibonile usukholiwe na? Babusisiwe abakholwa bengabonanga." (Johane 20:24-29)*

**Asikhuleke:**
Nkosi evukile,
wavuselela ukholo lukaTomase ngokuvuka kwakho!
Ukholo lwakhe luwukholo lwebandla.
Gcina ibandla owalakha ngabapostole,
gxilisa ukholo lwethu ekunqobeni kwakho okwakuyisiphetho,
usisize ukuba sithole ukuqina ethembeni lokubuya kwakho. Amen.

**Masicule:**
Jabulani, Jabulani, Jabulani, Jabulani zidalwa!
Bantwana babantu nani zilwane. :Alleluya….:
Jabulani, Jabulani, Jabulani, Jabulani zikhethwa!
Tusani Nkos' engunaphakade. :Alleluya….

## 9. Isigaba Sesishiyagalolunye:

## UJesu ubonakala ngasogwini lwaseTiberiya



*USimoni Petru wathi kubo: "Ngiyakodoba." Bathi kuye: "Nathi sihamba nawe." Base bephuma, Bangena emkhunjini; kepha ngalobobusuku ababambanga lutho. Kuthe sekusa, uJesu wayemi ogwini. Kepha abafundi Babengazi ukuthi nguJesu. UJesu wathi-ke kubo: "Bantwana, Aninakho ukudla na?" Bamphendula bathi:"Qha." Wayesethi kubo: "Phonsani inethi ngakwesobunene somkhumbi, nizakuthola." Base bephonsa, ababe besaba-namandla ukulindonsa ngenxa yobuningi bezinhlanzi, khona lowomfundi uJesu amthandayo wathi kuPetru: YiNkosi. USIMONI Petru ekuzwa ukuthi yiNkosi, wagqoka, ngokuba wayehamba-ze, waziphosa elwandle."* (Johane 21:3-7)

**Asikhuleke:**

Nkosi evukile,
ngesifanekiso sezinhlanzi eziningi enethini eyodwa kepha ingadabuki,
usitshengisa isifiso sakho sokuthi abantu bezizwe zonke
mababe ngabangcwele futhi babemunye.
Njengoba wabonisa abafundi leyonqwaba yezinhlanzi,
qhubeka nokusibonisa indlela eya ebunyeni. Amen.

**Masicule:**

Banenhlahla labo bantu abavuma ngenhliziyo,
Imithetho nezindlela azishumayel' uJesu.
:Thin' esafuman' ibandla likaJesu uMsindisi,
Asibonge sithokoze, asibonge ngokulunga.:
Banenhlanhla labo bantu abalahl' ijok' elibi,
Balivum' elikaJesu elilula elimnandi.:Thin'…:

## 10. Isigaba Seshumi:

# UJesu uthuma uPetru ukuba aluse umhlambi wakhe, iBandla



*Khona sebedlile, uJesu wathi kuSimoni Petru: Simoni kaJona uyangithanda kunalaba na? Wathi kuye: Yebo, Nkosi uyazi wena ukuthi ngiyakuthanda. Wathi kuye: Yipha amawundlu ami. Wabuye wathi kuye ngokwesibili: Simoni kaJona, uyangithanda na? Wathi kuye: Yebo Nkosi, uyazi wena ukuthi ngiyakuthanda. Wathi kuye: Yalusa izimvu zami.*
*Wathi kuye ngokwesithathu: Simoni kaJona, uyangithanda na? UPETRU wadabuka ngokuba wathi kuye ngokwesithathu: uyangithanda na? Wathi kuye: Nkosi, wazi konke wena, uyazi ukuti ngiyakuthanda. UJESU wathi kuye: Yipha izimvu zami."* (John 21:15 - 17)

**Asikheleke:**
Nkosi evukile,
awuzange nje uthethelele UPetru ngokukuphika kwakhe kathathu kuphela,
kodwa wamkhetha ukuba abe ngumholi wabalandeli bakho,
futhi abe ngumelusi wezimvu zakho.
Esezahlukanisele ukukuthanda kuze kube sekupheleni,
waqala ukuba athathe isibopho sokuba ngumholi wabantu ekufumaneni ukusindiswa othandweni lwakho.
Sengathi umlandeli kaPetru angaqhubeka ukugcina ibandla lakho endleleni yeqiniso nempilo,
sengathi nathi singathembeka njalo ekugcineni izibopho zethu zokwandisa izindaba ezimnandi zosindiso kwabanye.   Amen.

**Masicule:**
Simoni KaJonah uyangithanda na (X3)
Yebo Nkosi yami ngiyakuthanda.

## 10. Isigaba Seshumi Nanye:

## **UJesu unxusa abafundi bakhe ukuba bashumayele ivangeli ezweni lonke**



*UJesu wayesethi kubo: Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo, okholwayo abhabhadiswe uyakusindiswa, kepha ongakholwa uyakulahlwa. Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: ngegama lami bayakukhipha amadimoni, bashumayele ngezilimi ezintsha, baphathe izinyoka; uma bephuza okubulalayo, akusoze kwaba-nangozi; bayakubeka izandla phezu kwabagulayo, basinde.* (Mark 16:15-18)

**Asikhuleke:**

Nkosi evukile,
wasiza abafundi bakho ukuba baqonde izimfihlakalo
zokufa nokuvuka kwakho.
Wase ubanika umsebenzi wokuba babe izithunywa
zethemba nabathwali
bezindaba ezimnandi zokunqoba phezu kwesono nokufa.
Njengoba sizama ukuqhuba ivangeli labo lokushumayela,
sisize ukuba sibonise ukuvuka kwakho ngendlela esiphila ngayo. Amen.

**Masicule:**

Thuma mina (X3) Nkosi yami
Ngiyavuma (X3) Nkosi yami

# 12. Isigaba Seshumi Nambili:

## UJesu wenyukela ezulwini



*Wabahola, baze bafika ngaseBethaniya,*
*waphakamisa izandla zakhe, wababusisa.*
*Kwathi esababusisa, wahlukana nabo, wenyuselwa ezulwini.* (Luk.:24:50-51)

*Bathi besagqolozela ezulwini emuka, bheka,*
*amadoda amabili ayemikubo, embethe*
*izingubo ezimhlophe, athi: "Madoda aseGalile,*
*nimeleni nibheke ezulwini na?*
*UJesu lo, osuswekini enyuselwa ezulwini, uyakuza*
*kanjalo, njengalokho nibonile eya ezulwini!"*
(Izenzo 1:10-11)


**Asikhuleke:**

Nkosi evukile,
isithembiso sakho soMoya Ocwebileyo kanye
nesethembiso sokuthi
uyobanathi ngasosonke isikhathi, sisigcwalisa ngentokozo.
Lapho wena nhloko usandulele khona ngodumo,
thina mzimba sithemba ukuthi sizolandela.
Njengoba uhlezi kwesokunene sika Yihlo,
sikhulekele manje, njengoba sibeke lonke ithemba lethu
kuwena Mpriste waphakade.  Amen.

**Masicule:**
Inkos' uJesu Kristo umhlengi wethu sonke
Usesisindisile usenyukele namhla.
Wenyuka ngobukhosi ephelezelw' iBandla
Lababehlez' elimbo besaboshiwe khona.
Sesivulelw' isango lezul'ikhaya lethu;
Silungiselw' indawo ezweni lobumnandi.
Lokuth' uyosilanda sihlale nawe njalo

# 13. Isigaba Seshumi Nantathu

## UMariya nabaphostoli balindele ukwehla koMoya oCwebileyo



*Khona babuyela eJerusalema bevela entabeni ekuthiwa eyemiNqumo eseduze neJerusalema, ibanga lohambo lwesabatha.*
*Kwathi sebengenile, benyukela ekamelweni eliphezulu, lapho bebehlala khona:*
*oPetru, noJohane, noTomase, noBartolomewu, noMathewu, noJakobe kaAlfewu, noSimoni umZelothe, no Juda kaJakobe. Bonke laba baqinisela nganhliziyonye ekukhulekeni kanye nabesifazane, noMariya unina kaJesu, nabafowabo.* (Izenzo 1:12-14)

**Asikhuleke:**

Nkosi evukile,
lelidlanzana labalandeli bakho elalilindile
lithandaza ndawonye ekamelweni eliphezulu,
laliyibandla esimweni sobunye.
Sisahlangene nabobonke abacwebileyo,
Siyakhuleka ukuthi uthumele futhi izipho zoMoya oCwebileyo
kubobonke abantu ukuze kuthi ngaleyondlela ugcwalise izinhliziyo zabakholwayo
ngalokho owakufeza ngenkathi ivangeli lishumayelwa ngokokuqala emhlabeni. Amen.


**Masicule:**

E! Woza Moya Ocwebile, hlala kithi njalonjalo.
Khanyis' ingqondo zethu siqonde osazisa khona.

Nguwena onguMthokozisi, isiphethu sokuphila
UMninimphefumulo, igugu nomcwebisi wawo.

14. Isigaba Seshumi Nane:

## Iphentekoste - uMoya oCwebileyo wehlela kubaphostole ngesimo somlilo



*Kwathi sekufike usuku lwePhentekoste, bonke babebuthene ndawonye.*
*Ngokungazelelwe kwavela ezulwini inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla;*
*yona yagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo.*
*Kwase kubonakala kubo izilimi ezahlukeneyo kungathi ezomlilo;*
*zahlala phezu kwaloyo naloyo kubo.*
*Base begcwala bonke uMoya oyiNgcwele,*
*baqala ukukhuluma ngezinye izilimi,*
*wabapha njengalokho umoya ukuphimisela.*
(Izenzo 2:1-4)

**Asikhuleke:**

Nkulunkulu Baba, siyakubonga
ngokusithumelela iNdodana yakho eyodwa,
ukuze singene embusweni wakho.
Vuthela umlilo kithina ngamandla oMoya oCwebileyo
njengoba kwenzeka kubafundi bokuqala.
Sisize ukuba izenzo zethu zibe nokulunga, sithande ngobubele,
siphinde sihambe nawe ngokuzithoba.
Sisize ukuba sibe umphakathi osebenzela isintu njengoba ulungiselela
ukuvuselela ubuso bomhlaba.
Sikucela lokhu ngoKristo iNkosi yethu.  Amen.

**Masicule:**
Yehla Moya Ocwebile uthambise inhliziyo**.**
Zabo bonk' abantu bakho balivume izwi lakho.

E! Siphethu sobungcwele sicwebise thina zoni
Sithandeke njalo kuwe Nkosi Nkulunkulu.

**Umzindlo wokugcina**

*Ziningi izibonakaliso uJesu azenza phambi kwabafundi bakhe, ezingalotshiwe kulencwadi. Kodwa lezi zilotshelwe ukuba nikholwe ukuthi uJesu unguKristo, iNdodana KaNkulunkulu!*
(Johane 20:30-31)

**Nkosikazi yezulu yethaba** (Regina Coeli)

Umholi : Nkosikazi yezulu yethaba, Alleluya.
Bonke : Ngoba lowo owawufanele ukumthwala, Alleluya.
Umholi : Uvukile njengoba wayeshilo, Alleluya.
Bonke : Sikhulekele kuNkulunkulu, Alleluya.
Umholi : Thokoza wethabe Virigo Mariya, Alleluya.
Bonke : Ngoba iNkosi ivukile impela, Alleluya.
**Asikhuleke**
Nkosi Nkulunkulu wena owathanda ukuthokozisa
Umhlaba ngokuvuka kweNdodana yakho uJesu Kristo,
Sense ukuba kuthi ngeVirigo uMariya, sithole intokozo
Yokuphila kwaphakade, ngoJesu Kristo iNkosi yethu.

**UMdwebi** (The artist)

Ubaba uFata Pierre de la Croix, umpriste wase Fulansi, ochithe impilo yakhe eningi eAfrika, unesiphiwo esimangalisayo sokufaka amasiko evangelini ngemidwebo.
Uyaziwa kakhulu ngemidwebo eyenziwa ngokupenda ingilazi kanya nangobungcweti bokuhlobisa ngezinhlamvana zamatshe amibalabala.
Usehlobise umasonto amaningi ikakhulukazi eRwanda kanye naseGoli.
Le ndlela yokukhanya yimizamo yakhe yokuchasisa ngemifanekiso leso naleso sigaba. Izithombe zakha umphakathi wase Ningizimu Afrika.
Abafundi bakaJesu abansundu nabamhlophe bahlanganisiwe ngamabomu ukuze batshengise ubuso obubonakala busebusha ngaphandle kokukaPetru.

**Indlela Yokukhanya** (*Via Lucis background)*

Indlela yonqamulezo, inezigaba ezingamashumi amane esikhathi sokugcina sempilo kaKristo esingamahora ayishumi nambili; ingumthandazo okade waqala ebandleni.
Ingumthandazo ofanelekile ngesikhathi sokuhlawula.

Kepha ngesikhathi sePhasika lapho imiqondo yethu ibheke ekuvukeni kukaJesu, indlela yonqamulezo ayihambisani nokwenzekayo.
Ngakho-ke eminyakeni emibalwa eyedlule le ezweni lase Ntaliyane umpriste wama Salesian, uBaba Sabino Palumbieri, waholwa uMoya oCwebileyo ukuba aqhube umthandazo wesikhathi sokuhlawula awuqhubezele emthandazweni wangesikhathi sokuvuka;
washitshanisa isikhathi sokuhlupheka nokufa kuka Kristo ngezehlakalo ezenzeka kusukela ngelanga lokuvuka kuze kube ngesikhathi sokwehla koMoya oCwebileyo wehlela kubapostoli ngePhentekhoste.
Akuphelanga sikhathi ingcweti kwezemidwebo uGiovanni Dragoni wathatha lo mbono kaBaba uSabino wawuqopha egodweni wenza izindle ezingamashumi amane.
Ukuqala kokwaziwa kwendlela yokukhanya kwaba ngenkathi ibusiswa ngesonto lePhasika lonyaka ka1994 egqumeni lase Becchi, lena indawo lapho kwazalwa khona uJohn Bosco.
Lo mthandazo usubenesasa elikhulu eNtaliyane kodwa ubungaziwa kwezinye izindawo.
Kuthe ngonyaka ka 1997 abaphathi bentsha base Bosco Youth Centre, eGoli, banquma ukuthi kungaba isu elihle ukuba usungulwe nakuleli.
Ngaleyo ndlela kwase kuthintwa ingcweti kwezokudweba ukuba yenze imifanekiso yezinkundla ezingamashumi amane.
Indlela, yokukhanya ihlose ukuphakamisa ubunjalo bempilo nenjabulo yomsindisi ovukile konembeza bamakholwa. Njengendlela yonqamulezo, indlela ewuhambo oluphokophele ezulwimi. Uma uhambo lwempilo yobuKristo ingehlukaniswa nesiphambano, indlela yokukhanya isikhumbuza ukuthi isiphetho sayo yintokozo yePhasika! Le ncwajana ke izosiza ekuletheni leyontokozo.

# Indlela Yokukhanya

Ukuthandazwa kwezigaba ezingamashumi amane zendlela yonqamulezo kuwumkhuba owawenziwa kudala enqubeni yamaKristo.
Izigaba eziyi14 zendlela yokukhanya ezihambisana nevangeli akusikhathi esinganani yaqala, lezi zigaba zisiza ekuthuthukiseni indlela eNgcwele kusukela ekuvukeni kukaKristo kuzekufika lapho kwehla uMoya ocwebile.
Kunezincwadi eziningi ezisiza ukuzindla ngendlela yonqamlezo, kodwa kuncane kakhulu okubhalwe ngendlela yokukhanya.
Le ncwadi ihlose ukusiza amakholwa ukuba azi kagcono futhi athandaze Indlela Yokukhanya.
Sinethemba ke ukuthi lo mthandazo uzokhula futhi ubhebhetheke ezweni lonke.